



# Service Delivery Booklet

## JULY 2021

### UMASIPALA ULEKELELE ABADINGA AMA- WHEELCHAIRS

UMASIPALA iNdwedwe ophikweni iSocial Cohesion nehhovisi likaSomlomo bebesohambweni lokuzungeza amawadi wonke aseNdwedwe la bebenikela khona ngama-wheelchair kwababuthaka (vulnerable) okungabadala nabantwana.



Echaza ngaphambi kohambo, uSomlomo womkhandlu uCllr Khonza Ngidi uthe emihlanganweni eyaye ibekhona bekulokhu kuvela ukuthi ababuthaka bacela ukulekelelwa ngezidingo zabo ezingenza impilo ibelula, nokuyikho athe kuholele ekutheni umkhandlu uqale ngalokhu okuncane okwamanje.

Baqale ekuseni

Ngosuku lokuqala bahambela eMission, ward 18, kwaMdladla, badlulela kwaZuma, ward 15, ngaseMzokhulayo, nakwaMkhize eNtaphuka ward 13, eNtaphuka, baya nakwaThwala KwaBhanoyi ward 14.

Ngakusasa bahambela amanye futhi amawadi bayiqeda yonke iNdwedwe. Kwakukhona yena uSomlomo, wuDeputy Mayor uNkk Zandile Siwetu-Thoolsi, amakhansela, abasebenzi bomphakathi namavolontiya kanye nabe-civil society njengeDisability Forum.

USomlomo uthe kuwo wonke amawadi bebeqaphela yonke imiqathango yeCovid19 ukuze baphephe kanye nalaba abebabanikelela.





# AMAKHOSI

ILEMBE MEC champion's office, Peggy Nkonyeni, had an engagement session with Exco of Ilembe Local House of Traditional leaders and Amakhosi of Ndwedwe recently on 27 June 2021 at Ndwedwe Council Chamber.

The aim of the engagement was to ensure seamless working relationship between Amakhosi and the municipality as well as with government departments.





# UNGQONGQOSHE uBHEKI CELE UDUDUZE ENDWEDWE

UNgqongqoshe wamaphoyisa uMnu Bheki Cele noCommissioner uMnu Khehla Sithole bazifikela qathatha eNdwedwe ukuzokhuza nokuzodlulisa amazwi enduduzo emndenini wakwaNdawonde ngenyanga edlule ngenkathi kudutshulwa kwabulawa usgaxa-mabhande uMnu Jabulani Ndawonde owayewuMphathi emaphoyiseni eNdwedwe.

UMnu Cele wafika ekuseni ngovivi kwamasipala eNdwedwe, wabamba inguyazana nabaphenyi balelicala bamaHawks.

Wabe esehlangana nobuholi bukamasipala bayoxoxa nezimemba zeSAPS ezivela kuyo yonke iprovince ezazilinde ehholo eJohnny Makhathini, bekhuya ulaka nezehlo zobelesesi.

Babe sebedlulela ekhaya kwaNdawonde eNgcongcongca beyokhalisa umndenini.





# NDWEDWE VACCINE ROLLOUT PLAN WORKSHOP

BEKUSANDA kucotshelwana ngolwazi esithangamini iVaccine Rollout Plan Information-sharing Workshop kwaMasipala, eJohnny Makhatini Civic Centre muva nje. Kwakwenzelwa ukuthi kuthi kuqala ukugonywa kwabantu Ebe aMakhosi neziNduna ezimele ubukhosi sebecaciselwe ukuthi uhlelo luzohamba kanjani. Lesi sithangami sasihlelwe wuMnyango weZempilo ngokulekelelwa wuMasipala iNdwedwe ngenhloso yokuthi abezempilo eNdwedwe Central naseMontebello basondele bezochazela ama-stakeholders nabasebenzi ngezinhlelo zomgomo (vaccine) womkhuhlane i-Covid-19 ongundabamlonyeni kulemihla.

Kwaqala isithangami se-Council la kwahlala khona abaholi naMakhosi nabaQondisi bomkhandlu. Kwabe sekulandela eseLocal Command Council kwase kuvala esabasebenzi bakaMasipala ntambama ngalolosuku. Esithangamini ngasinye kwakufike kuqale aboMnyango weZempilo benze izethulo ngomsuka weCovid-19 nosekwenziwe ukuyinqanda, bese kudedelwa imibuzo kwabebethamele. Bagcizelela ukuthi lomkhuhlane owumbhedukazwe (pandemic), iCovid-19, uyiwona impela umkhuhlane ngokomkhakha kepha uwumkhuhlane obulalayo uma ukuthole untekenteke, base bethi lomgomo okukhulunywa ngawo (osathe ukumiswa okwamanje) awelaphi mkhuhlane kodwa wenza ukuthi uma sewungenwe wumkhuhlane ukwazi umzimba wakho ukulwa nalokho kukhandleka ukuze wena welulame, ungendeli koyihlomkhulu.

Bathi ngomgomo uHulumeni uzama ukuthi kwehle izinga nesibalo sabashona ngenxa yokuhlelwa yiCovid-19, hhayi ukuthi ngeke abantu besangenwa yiCovid-19 uma sebegomile.

Baphinda bathi ngaleso sizathu-ke, kuzoba mqoka ukuthi yize sewugomile kepha uqhubeke ugqoke isimfonyo, uhlambe izandla kaningi futhi ume sakuqhelelana nabanye abantu ukuze ungaqhashelwa ngamathe la bekhuluma okanye behleka futhi ungathelwa ngamathonsi asemfonyeni uma bethimula noma bekhwehlela. Phakathi kwemibuzo yezethameli kwaqhamuka odinga ingcaciso ngokuthi i-social distancing isebenza kanjani kwabaganene, behlala ndawonye ekhaya. Abezempilo baphendula ngokuvuma ukuthi akulula ukuthi abaganene baqhelelane ngaso sonke isikhathi kepha uma esekhona osengenwe wumkhuhlane kwabona baye babacele bake bathi ukuqhelelana ukuze kungaguli umndeni wonke.

Kwaphinde kwacaciswa ukuthi:

- Akunamuntu ozophoqwa ukuthi agome. Kanjalo futhi abanama-allergy nabazwelayo uma bejovile, abanoku-reacta ngandlela thize emijovweni bayakhuthazwa ukuthi bangagomi kanjalo nabazithwele.
- Umgomo uqala ukuzwela kahle egazini nokusebenza ngokugcwele osukwini lwesikhombisa ujoyile.
- Uma sewugomile akusho ukuthi impilo yakho yonke ngeke uphinde uyijovele iCovid-19. Benze isibonelo ngomgomo womkhuhlane ojwayele ukujovwa njalo uma kungena ubusika, base bethi lo mgomo weCovid-19 wona kungenzeka kudingeke uwujove njalo kanye ngonyaka kepha-ke abacwaningi nososayensi basalokhu beqhubeka becwaninga kabanzi ngalomkhuhlane, okungenzeka ezinye zezinto zibe zilokhu zishintsha uma kufika ulwazi olusha.
- Lo mgomo unama-side effects ajwayelekile uma kade uye kogoma, njengokuphathwa yikhanda, wukuvuvukala kwendawo la ojovwe khona, wukuzizwa sengathi une-fever kodwa bese ibuye idlula etc.



- Ukugoma kumakhala njengamanje. Uma kunoshintsho kuyomenyezelwa njengoba abaningi bekhononde ngokuthi kungani uHulumeni ungavumeli abanamandla bazijovele ngamaMedical Aid ukuze asebefuna ukugoma manje baphuthume bazikhokhele, bagome. Kuphendulwe ngokuthi uHulumeni zikhona izingxoxo anazo nabamaMedical Aid kepha kuzoshiwo uma sekuphothuliwe.
- PHASE ONE: Sekuqaliwe ukugoma kuka-Phase One, okuzobhekelelwa kuwo abasebenzi bezempilo kuqala ngenxa yobucayi bomsebenzi wabo. Yonke indawo ezweni kulandelwa umgudu owodwa, ofanayo, wokuqala ngabezempilo. Kusaqhubeka ukukhuthazwa kwabasebenzi bezempilo ukuba babhalise kwi-portal ethi: <https://vaccine.enroll.health.gov.za> ukuze abantu bahlinzekelwe kahle ngemigomo ngokwesibalo sababhalisile. Uma ungangeni kule category, mana kanjalo, ungajahi ukubhalisela umgomo, kuzomenyezelwa ngokwezigaba.
- PHASE TWO: Kuzobe sekulandela u-Phase Two okuyilaba ababizwa ngama-essential workers nababuthaka kanjalo nasebekhulile ngokweminyaka. Nakhona kuzorejistwa emafonini kodwa kuzoshiwo kumenyezelwe uma sekumele kuqalwe ukubhalisa futhi umnyango nomasipala bathe bazobambisana ukulekelela nge-registration la kunenkinga khona ye-connectivity nokusebenzisa ukuxhakaxhaka bezokuxhumana (technology). Linda kuze kushiwo ukuthi sekuyabhaliswa.
- PHASE THREE: Kuzoba khona no-Phase Three ofaka bonke laba abangangeni ku-Phase One nakuPhase Two ngokwesigaba sabo. Olunye ulwazi nama-dates kuzosabalaliswa ngemithombo yabezindaba ezinkundleni zokuxhumana kanjalo nasezikhungweni zomphakathi.

# KUNIKELELWE AMABHIZINISI ENTSHA NGAMATHULUZI EMISHINI

KUNIKELELWE amabhizinisi entsha ngamathuluzi, imishini nezinsiza ezizobalekelela ukufukula nokuthuthukisa amabhizinisi abo.

Bekunikela uMasipala iNdwedwe Local Municipality kulamabhizinisi abizwa ngama-small and medium macro enterprises kanti kuzuze inqwaba yabahizinisi ahlabane nge-equipment nemishini.

Uhlelo lokulekelelwa kwalabosomabhizinisi iningi labo eliyintsha lwaqala ngokuthi umasipala ukhangise umema intsha enamabhizinisi nyakenye ukuthi mayifake izicelo zoxhaso kwi-SMME Assistance ehlezi ophikweni lwakwaYouth Office kwamasipala.

Kube sekuqhubeka uhlelo lokuhlunga nokucungula izicelo, kwaze kwaba bayanikwa namuhla njengokwezicelo zabo. IMeya uCllr Nkosinathi Chili ithe kusezinhlelweni nje zabo ukwelekelela intsha noma ikumuphi na umkhakha.

Phakathi kwemishini nezinsiza ezikhishwe wuMasipala kukhona izitofu zegesi, izimbewu, chafing dishes, imishini yokugunda utshani, izinsiza-kutshala njengophoyizeni bezinambuzane emasimini, ama-laptopc, ama-printer, ama-camera nama-vlogging kits nokunye.







# COGTA HANDS OVER WATER TANKER AND FIRE VEHICLE TO NDWEDWE

The plight of Ndwedwe residents received a major boost recently when KZN Cogta MEC Siphso Hlomuka handed over a water tanker and a fire fighting vehicle to assist the municipality in improving access to water for its residents and strengthening its disaster management capacity.

MEC Hlomuka officially handed over the assets and stressed the importance of taking care of the assets, especially the water taker, which is not meant for permanent use; however, accessibility of water at homes is the end goal.

The short handover ceremony was attended by both the local and the district Mayors, Amakhosi and Councillors of Ndwedwe municipality. The truck is fully funded by Cogta and will serve areas within the Ndwedwe local municipality which is one of the areas that still fall behind in terms of water provision.

"Today's handover is a significant milestone in our efforts to improve the safety of our communities and speed up the response time by our fire and rescue teams whenever they are called upon," said MEC Hlomuka.

Both District Cllr S Gumede and Ndwedwe Mayor Cllr N Chili welcomed this investment by the department.





# KUZOQALA UKWAKHIWA KWEMONA BELLY BRIDGE WARD 10

KUHAMBE kahle ukumukezelwa komsebenzi wokwakhiwa kwe-bridge iMona Bridge ward-10 ngaphansi kweNkosi uNodwengu ngenyanga edlule uFebruary.

Ukuqala kokwakhiwa kwaleli bridge kuwumphumela wobambiswano phakathi kukaMasipala iNdwedwe, SANDF, Department of Public Works neDepartment of Transport.

Ngokwakhiwa kwaleli bridge kuzovuleka amathuba emisebenzi njengoba kuzoqashwa abantu abangu-60 bakwa-EPWP.

Emva koku mukezelwa kwase sekuqalwa ukusebenza mhlaka 15 February 2021 kanti kulindeleke kuphothulwe maduze nje. Leli yi-bridge lokuqala kulawa aziwa ngama-belly bridge njengoba uMasipala umatasa ulungiselela ukwakha amanye ku-ward 11, 14, 16 nase-ward 17.





# NDWEDWE STILL REELING FROM THE LOSS OF DEPUTY MAYOR

IT has been hard for Council to sit at meetings without noting the absence of its Deputy Mayor, Cllr N.E. Blose, who was buried on 18 February 2021. She has died on 12 February 2021 after Covid-19 complications and was buried at her homestead in ward 7 near eSidumbini area.

The Deputy Mayor was a member of the Executive Committee, and also Chairperson of the portfolio on Human Resources.

Almost two months later, councillors have been holding moments of silence or simply mentioning her by name, expressing just how much her absence from meetings is felt.

They described her as a patient person who loved her community even when there were protests, she apparently told masses that she is on the side of the people.





# UMASIPALA UNCOME ABAFUNDI BAKA – MATRIC

UMASIPALA usanda kubungaza abafundi baka Matric\_2020 namuhla eJohnny Makhathini Hall emcimbini iMayoral Matric Achievement Awards. Bekumenywe izikole eziwu-6 zaseNdwedwe ezinabafundi abenze kahle yize unyaka bewumubi uhaqwe yiCovid-19.

Izikole bekuyiHloniphani, Qinisani, Qalakahle, Sisebenzile, Siyaphumula neLihlithemba. Abafundi bebephelezela wothisha, abahloli nomnyango wezemfundo.

Bekukhona namakhansela aseNdwedwe, izinyunyana zothisha iSADTU neNATU kanti iMeya yaseNdwedwe uCllr NV Chili noSomlomo womkhandlu uCllr GK Ngidi bakhuthaze abafundi ukuthi nakuphi la beyakhona bazobe besaphephezelisa ifulegi laseNdwedwe.

Bathe ndlelanhle kulabo asebephokophelele ezikhungweni zemfundo yamabanga aphakeme. Khona manjalo iMeya iveze ukuthi abafake izicelo zomfundaze bazobizwa bodwa eceleni bamukelise okwabo. Uthe ngokwenjwayezi lomcimbi ubuyaye ube munye kepha ngokwesabela imigomo yeCovid19 kunqunywe ukuthi kuhlukaniswe.







# YATSHALWA NGESIZOTHA INKOSI YAKWAWOSIYANE

KWACACA ubunye Phakathi kwaMakhosi aseNdwedwe nabaholi bepolitiki mhla kuphelezela iNkosi yaKwaWosiyane, iNkosi S Nzama yaseNdwedwe ward 16.

Inkonzo yayisekhaya koNkosi yethanyelwe ngaMakhosi aseNdwedwe, eholwa wuSihlalo wawo iNkosi Sibongiseni Khumalo.

Yayikhona neyaseMalangeni iNkosi VT Ngcobo, neyakaChili kanye noCogta kanjalo nobuholi boMkhandlu waseNdwedwe, iMeya uCllr Nathi Chili ehamba noSomlomo woMkhandlu uCllr Khonza Ngidi nokhansela wewadi uCllr Dalokuhle Goqo.





Izikhulumi zachaza iNkosi uNzama njengebinomoya ophansi kepha iqikelela ukuthi umthetho uyahlonishwa nezinto zezinwa ngendlela. Bathi iNkosi iphathe isizwe sayo ngobuqotho isikhathi eside kwase kuthi-ke ngenxa yobuthaka bempilo kwase kubamba uMntwana RM Nzama, okunguye namanje obambile esihlalweni sobukhosi balesi sizwe.

Bathi nangenkathi kunezivunguvungu ezaziphazamisa inhlaloni esizweni, iNkosi Nzama yawa ivuka nesizwe sayo, ayizange ibaleke iyobhaca kwezinye izizwe, bathi ngalokho bayohlala beyikhumbula. Zazikhona nezintombi zesizwe, ziviliyela, namabutho kanti nebandla lalilokhu lihube njalo kubhazabhaza wetende, omama bebuye bahube baze basukume bashaye kancane bephelezela iNkosi yabo ngesizotha. Imiqathango yeCovid-19 yaqashwe ngeso elibukhali njengoba umphakathi wakulendawo wabonakala uthe shaye etendeni iningi lizifakile izimfonyo, libuye lizicelele lona okokufutha izandla (sanitizer). Nenkonzo eyaqala sekwedlule kancane ehoreni leshumi nambili kodwa kwathi kuyogamanxa ihora lesibili yabe isigoqwa.



# KUPHENDULWE ISOYI LA UMASIPALA UZOKWAKHA KHONA ISIKHUNGO SOKUHLOLELWA UKUSHAYELA IZIMOTO (Vehicle Registration and Licensing Centre)


Kuphedulwe isoyi la uMasipala ozokwakha khona isikhungo sokuhlolelwa ukushayela izimoto (Vehicle Registration and Licensing) eWard 6 ngaseBhamshela Taxi rank.

Isoyi lihlathwe izolo ngoLwesine kanti lesi sikhungo sizodla imali elinganiselwa ku-R15million.

IMeya yaseNdwedwe uCllr Nkosinathi Chili ubekhashwa ngamakhansela oMkhandlu, wubuholi bomdabu, wosomabhizinisi nabasebenzi bomphakathi ngenkathi kuphendulwa isoyi.

Bonke bathe bayajabula ngokuthi sekuzofinyela ibanga ebelihanja ngabantu beya koVerulam beyofuna izincwadi okanye beyothelela izimoto.

UMeya Chili uthe ngalomsebenzi kuzovuleka amathuba emisebenzi alinganiselwa ku-200 okubalwa abafundisa ukushayela, abasebenzi bangaphakathi emahhovisi kanye nabahlanza isakhiwo. Kuzophinde kuhlomule nosomabhizinisi abasafufusa abakhelene nalendawo.







# NDWEDWE AND MSHWATHI PARTNERSHIP BEAR FRUITS

A multi stakeholder initiative to resolve traffic congestion in Bhamshela shopping centre during holidays saw the area freeing up space and shoppers breathing a sigh of relief during mid-December to January holiday break.

This was made possible by a public safety partnership between two local municipalities, Ndwedwe and Mshwathi supported by law enforcement agencies. They also carried with them a Covid19 awareness message for commuters to remain vigilant against the pandemic.

To kickstart the partnership, Cllr NV Chili, Mayor of Ndwedwe together with neighbouring ward Councillors of ward 2, 4, 5, 6,7 and 8, Mshwathi officials, SAPS and other structures went on a morning blitz exercise around the Bhamshela centre precinct, checking on Covid19 regulations and protocols compliance by business sector operating in the area. They were also loudhailing message of compliance to shoppers, passers-by and street vendors, with safety precautions being the main focus.





[illegible]

**Postal Address: Private Bag X503, NDWEDWE, 4342**  
**Street Address: P100 Road, NDWEDWE**  
**Tel: 032 532 5000**  
**Fax: 032 532 5032**  
**Executive Mayor: N V Chili, Cllr**  
**Email: [mayor@ndwedwe.gov.za](mailto:mayor@ndwedwe.gov.za)**

**Postal Address: Private Bag X503, NDWEDWE, 4342**  
**Street Address: P100 Road, NDWEDWE**  
**Tel: 032 532 5000**  
**Fax: 032 532 5032**  
**Email: [mm@ndwedwe.gov.za](mailto:mm@ndwedwe.gov.za)**